



# IBHUKWANA NGEMILILO YEQUBULA

Leli bhukwana lishicilelwe uMnyango wezaManzi nezamaHlathi

**Imithetho ye-FPA isishicilelwe futhi uMnyango wezaManzi namaHlathi usukulungele ukubhalisa ama-FPA. Siyazibonga kakhulu izimpendulo kanye nemibono yenu ngesikhathi sisalungiselela ukushicilela le mithetho.**

## UKUBHALISWA KWAMA-FPA KUZOSIZA EKUNQANDENI IMILILO YEQUBULA

Imithetho evumela IziNhlango zokuVikela imililo ukuba zibhaliswe nokuthi zinikezwe amandla uMnyango wezaManzi nezamaHlathi, phecelezi i-Department of Water Affairs and Forestry (DWAF) yashicilelwa mhla zingu-16 Meyi, yaqala ukusebenza mhla ka-1 Agasti 2003.

IziNhlango zokuVikela imililo phecelezi, ama-Fire Protection Associations (FPAs) ziyizinhlangano ezisebenza ngokuzinikela/ngokuvolontiya ezingakhiwa futhi zibunjwe ngabaninimhlaba ukuvikela, ukuqagula, ukulawula kanye nokucisha imililo yamahlathi ngaphansi koMthetho kaZwelonke womlilo weQubula nowamaHlathi ka-1998. Minyaka yonke, imililo yequbula engalawuleki idala omkhulu umonakalo kwizakhiwo, ezimpilweni zabantu kanye nezindawo abaphila kuzo. Imiphefumulo iyalahleka cishe minyaka yonke ngenxa yemililo equbuka ezigangeni, emahlathini nasezintabeni, lokhu okwenza ukuthi abantu basemaphandleni balahlakelwe kakhulu emonakalweni odaleka emadlweni, emfuyweni, nasemizini yabo ngezikhathi ezithile zemililo yequbula. Izimboni zamahlathi nazo zivame ukuthola ukulahlekelwa kakhulu ngalesi sikhathi.

Ngesikhathi kusalindwe ukushicilelwa kwale mithetho, abaninimhlaba kuzwelonke bebeqhubeka nokubumba ama-FPA. i-DWAF isithole izicelo zokubhalisa ngokusemthethweni ezingaphezu kuka-60, izicelo eziningi ziqhamuka eMpumalanga naseNyakatho Koloni. Amaqembu athi awabe ngu-40 asekhombise ukufisa ukubumba ama-FPA ezindaweni zawo.

I-DWAF ikulungele ukuqala ukubhalisa ama-FPA, ngokusebenzisa I-FPA Registration Management System okuyindlela eyisipesheli yokubhalisa eklanywe yahlelelwa ukusebenza nge-web. Abantu abafake isicelo asebewagcwalisile amafomu afanele, atholakala kunoma

yiliphi ihhovisi le-DWAF, akumele ukuba balinde izinsuku ezingaphezu kwezingu-30 ukuze babhaliswe ngokusemthethweni. AbeLuleki ngezemiLilo abaqeqeshwe ngezinga eliphezulu batholakala kulo lonke izwe ukuze banikeze usizo ngokubunjwa kwama-FPA. Ukubhalisa ngokusemthethweni kwenza i-FPA ukuba ikwazi ukuqoka isiPhathimandla sokuVikela emLilweni, i-Fire Protection Officer (FPO), lokhu kunikeza i-FPO igunya lokusebenza njengesiphathimandla sesigungu siphakeme se-FPA (chief executive officer).

I-FPA ebhalisile ngokusemthethweni iphinde ibe namandla enikezwa wona yokuqhuba imisebenzi ethile. Ukwenza isibonelo, i-FPA kufanele isungule futhi isebenzise icebo lokulawula imililo yequbula enhloso yawo iwukwehlisa izinga lokuba sengcupheni yemililo wequbula endaweni yayo, kanti futhi ekwenzeni njalo kulindeleke ukuba kube nokubambisana nama-FPA angomakhelwane. Ama-FPA kufanele futhi ukuba asize imiphakathi engomakhelwane ukunqanda nokulawula imililo yequbula.

Imithetho elawula ukumiswa kwama-FPA ngokusemthethweni ikubeka ngokusobala indlela okumele ilandelwe uma kubunjwa ama-FPA, lokhu kuhlangele nokunikezwa kwesibonelo sokubhalwa komthethosisekelo. Ulwazi mayelana nendlela yokufaka isicelo sokubhalisa i-FPA noma isiPhathimandla sokuVikela emLilweni (FPO) ngokusemthethweni emithethweni evumela ukubhaliswa ngokomthetho kwezinhlangano zokuvikela imililo, nako kuyatholakala.

Amakhophi ale mithetho kanye namafomu okunxusa ukubhaliswa ngokusemthethweni ayatholakala kunoma yiliphi ihhovisi le-DWAF. Imininingwane yokuxhumana itholakala ekhasini 4.



Abeluleki ngezeMililo bakwa-DWAF bathole ukuqeqeshwa okuyisipesheli ukusiza abaninimhlaba ababumba ama-FPA amahlovisi kaZwelonke namahlovisi esifunda oMnyango wezaManzi nezamaHlathi

# KONKE ODINGA UKU

## Ubani ongabumba i-FP

Noma yiliphi iqembu labanimhlaba abafisa ukubambisana, ukuvikela, ukuqagula, ukulawula kanye nokunqanda, lilawule futhi licishe imililo yequbula lingabumba i-FPA.

## Ngubani Umninimhlaba?

Igama elithi “umnikazi” lisho noma yimuphi umninimhlaba onetayitela noma umqashi noma omunye nje umuntu olawula umhlaba ngokomthetho, isigungu senhlangano (executive body) yomphakathi, umphathi/imenenja yezwe likaHulumeni (lokhu kufaka phakathi umhlaba wamasotsha, i -SANDF) kanye neziphathimandla zendawo (local authorities).

## Ngabe ngiphoqekile yini ukujoyina i-FPA uma kwenzeka ibunjwa endaweni engihlala kuyo?

Ukuba yilungu le-FPA akuphoqekile kubanimhlaba abaningi. Lokhu kungenxa yokuthi kufanele kuhlonishwe futhi kugcinwe ilungelo lokuzibandakanya ngokukhululeka komuntu ngamunye, njengoba kumiswe kuMthethosisekelo, kodwa futhi ngenxa yokuthi abanimhlaba qobo lwabo kufanele ukuba benze isibophezelo esiqinile, ngokuthanda/ngokuvizivolontiyela ukuthi bazosebenza ngokubambisana ngama-FPA. Abanikazi bemihlaba kaHulumeni neyomasipala bona baphoqekile ukuba bayijoyine i-FPA uma ibunjwa endaweni abakuyo. Lokhu kuhlenganisa imiphakathi elawula imihlaba eyiphathelwe uHulumeni.

## Ngabe imingcele ye-FPA kumele ibe yini?

UMthetho uthi indawo lapho kubunjwa khona i-FPA kufanele ibe yindawo evamise ukuba nemililo yequbula esengcupheni yokuhlaselwa umlilo wequbula, ngexa yesimo sezulu ngenxa yohlobo lwehlathi noma uhlobo lwezitshalo ezimila emhlabathini. Umthetho awukubeki kucace ukuthi ubukhulu bendawo kufanele bube ngobungakanani. Indawo engaphansi kwamandla esikhundla (jurisdiction area) se-FPA akumele ukuthi ibe nkulu kakhulu ukuthi ivimbele i-FPA ukuthi yenze imisebenzi yayo ngemfanelo, noma ibe ncane kakhulu ukuba inganikeza isizathu esiqinile selungelo lezindleko zokubumba i-FPA. UMthetho ushiya lo mthetho uvulekile, futhi yilesa naleso sehlakalo kufanele sibukwe ngokwesimo esiqondene naso ngqo.

## Kwenzekani ngamaKomiti aLawula uMlilo?

Ama-FPA azothatha indawo yamakomiti aLawula uMlilo, *Fire Control Committees* (FCCs) ayemiswe ngokoMthetho wezamaHlathi ka-1984. Ama-FCCs angabuye afake isicelo sokuba abhaliswe ngaphansi koMthetho omusha ukuze abhaliswe njengama-FPA.

## Ngubani ozokhokha izindleko zokubumba i-FPA?

Ama-FPA kufanele abunjwe kuphela lapho izindleko zokuwabumba zedlulwa yizinzuzo. Uma kunjalo-ke, ama-FPA kulindeleke ukuba azame izindlela zokuzitholela imali ngokwawo (raise funds) ngokukhokhisa amalungu awo imali yelevi (levy). Lokhu kungenziwa nganoma iyiphi indlela ekhethwa yi-FPA, futhi ingakhetha nokuthi amanye amalungu e-FPA angayikhokhi le mali yelevi. I-FPA ingenza izindlela zokuthola imali ngokumbandakanya ohlelweni lokuthuthukisa oluhlenganiswe ngokuphelele lohulumeni

bendawo, i-Integrated Development Plan (IDP) futhi nangokusebenzisa imali esesikhwameni ebhekene nokulawulwa kwezinhlekelele endaweni (*Disaster Management Fund*). I-DWAF iyakwazi ukunikeza ama-FPA imali nosizo uma ngabe kunezizathu eziphathekayo zokwenza lokhu.

## Yikuphi okufanele ngikwenze ukubumba i-FPA?

Abasunguli be-FPA kufanele ukuthi kube nokuxoxisana okusabalele abakwenzayo nabantu abahlukene mayelana nokubunjwa kwayo. Abazokulawula izinhlekelele nesiPhathimandla sezoMlilo kufanele kuxoxiswane nabo, kanye nabo bonke abanimhlaba emikhulu. Isinyathelo sokuqala esisemthethweni ekumisweni kwe-FPA ukwenza umhlangano ngenhloso yokusungula I-FPA. Imithetho iyazibeka izidingo ezilindelekile uma kuzoba nalo mhlangano. Umhlangano ngenhloso yokusungula I-FPA yindawo lapho abanimhlaba bevota khona ngokusemthethweni mayelana nokuthi kufanele yini ukuba kumiswe i-FPA. Abaphembi bomhlangano wokusungula kufanele bathathe izinyathelo ezifanele zokumema bonke abanimhlaba abasendaweni ukuze beze emhlanganweni.

## Kungani kufanele i-FPA ibhaliswe?

Ukuze ifaneleke noma ikwazi ukuthola usizo ngokoMthetho kanye nokuthola amandla negunya lokuqhuba imisebenzi leyo uMthetho obagunyaza ukuyenza. Ukwenza isibonelo, i-FPA esemthethweni ingenza imithetho ebopha amalungu ngokuthi ukubabela/ukwenziwe kwamabhuleki okunqanda imililo kungalungiswa kanjani.

## Ibhalisa kanjani i-FPA?

Zimbili izinyathelo ezithathwayo lapho kubhaliswa. Isinyathelo sokuqala ukugcwalisa nokuthumela iFomu 1, “Ukufaka isicelo sokubhalisa ngokusemthethweni inhlangano yokuvikela imililo iNgxenywe1,” ukuze sicutshungulwe samukelwe yi-DWAF. Isizathu salokhu ukuthi ngaphambi kokuba ama-FPA achithe isikhathi esiningi nemizamo edingekayo ukugcwalisa iFomu 2, uMnyango udinga ukwazi ukuthi izidingo zokuqala eziyisisekelo ekubunjweni kwe-FPA zifeziwe na.

- Igama le-FPA lehlukele futhi alifani namanye;
- Indawo ye-FPA iyindawo elingene (ayincane kakhulu, ayinkulu kakhulu futhi ayiweli ikapakele kwenye i-FPA);
- Ayikho enye i-FPA ekhona kuyo yona leyo ndawo; futhi
- UHulumeni wasekhaya noma wendawo uyazi ngokubunjwa kwe-FPA.

Isinyathelo sesibili, ukuqedela ukugcwalisa nokuhambisa iFomu 2, ukufaka isicelo sokubhalisa inhlangano yokuVikela imililo kanye nesiphathimandla sezokuvikela imililo isiGaba 2, kuhambisane namaphepha adingekayo:

- Amaminithi omhlangano ngenhloso yokusungula I-FPA;
- Umthethosisekelo we-FPA; futhi
- Nohlelo lwebhizinisi ye-FPA, olufaka phakathi icebo nemithetho yokulawula umlilo wequbula.



# KWAZI NGAMA - FPA

## UNgqongqoshe uzoyibhalisa nini i-FPA?

UNgqongqoshe kufanele ukuba aneliseke ukuthi i-FPA izokwazi ukwenza imisebenzi yayo engaphansi koMthetho futhi abaninimhlaba bendawo bamelwe ngokulinganayo. IFomu 2 lenza isiqiniseko sokuthi uNgqongqoshe uthola ulwazi olwanele ukukwenza lokhu. Indlela esemqoka ezosetshenziswa uNgqongqoshe ukuhlola ikhono le-FPA, ukuhlolisisa uhlelo lwayo lwebhizinisi olukhombisa ngokusobala indlela i-FPA ezoyilandela ukugcina yonke imisebenzi okubhekeke ukuthi iyenze ngokuseMthethweni.

## Luyini uhlelo lwebhizinisi?

UMthetho okusigaba 5 wethula imisebenzi ye-FPA. Uhlelo lwebhizinisi lukhombisa indlela yokubhekana nale misebenzi ngamunye. Ukwenza isibonelo, uMthetho ufuna ukuthi i-FPA isungule futhi isebenzise icebo lokulawula umlilo wequbula endaweni yayo. I-DWAF isungulele ama-FPA umhlahlandlela wokusungula izinhlelo zebhizinisi ezakhiwe ngendlela elandelanayo ngokwezidingo ngqo zecebo lokulawula umlilo wequbula, futhi nawo wakhelwe phezu kwesisekelo sendlela yokucubungula ubungozi nokuphatha (risk analysis and management). Umhlahlandlela lo umisa izidingo ezingezincane ezilindelekile (minimum) nezimo ezidingwa uMnyango ukuvivinya uhlolwe futhi wamukele uhlelo lwebhizinisi ubuye futhi weneliseke ukuthi i-FPA izokwazi ukufeza imisebenzi yayo ngokomthetho. Amakhophi emihlahlandlela ayatholakala kunoma yimaphi amahhovisi e-DWAF. Abeluleki ngezomlilo be-DWAF bangasiza ama-FPA ekubhaleni uhlelo lwabo lwebhizinisi.

## Kuzothatha isikhathi esingakanani ukubhalisela i-FPA?

I-DWAF izothatha isikhathi esingangaphezu kwezinsuku ezingu-30 ukusebenzana neFomu 1, bese inikeza ama-FPA imvume yokuba angagcwalisa iFomu 2. Uma iFomu 2 selihanjiswa, i-DWAF idinga ezinye izinsuku ezingu-30 ukulicubungula. Uma uNgqongqoshe evuma ukuthi i-FPA ibhaliswe, i-FPA izonikezwa inombolo yokubhaliswa ngokusemthethweni neseitifiketi, bese ifakwa kurejista yama-FPA. Uma uNgqongqoshe eqoka ukungayibhalisi i-FPA, kuyodingeka ukuba anikeze izizathu zalokho futhi asho ukuthi yiziphi izinto okufanele zenziwe yi-FPA ukulungisa amaphutha ayo.

## Ngubani isiPhathimandla sokuVikela emlilweni?

IsiPhathimandla sokuVikela iMlilo siyisiphathimandla sesigungu esiphakeme se-FPA, futhi sinamandla athile ngaphansi koMthetho, lokhu kuhlenganisa ikhono lokukwazi ukuhola abanye ekulweni nomlilo endaweni ye-FPA. Uma kukhona usizo lwezomlilo endaweni ye-FPA, futhi isiPhathimandla sokuVikela eMlilweni (CFO) sizimisele ukuba yi-FPO, siyovele sinikezwe lesi sikhundla ngaphandle kokuvotelwa. Uma lungekho usizo lwezomlilo noma i-CFO ingavumi, i-FPA ingakhetha omunye umuntu abe yi-FPO.

## Ngabe kufanele yini ukuba isiPhathimandla sokuVikela eMlilweni sibhalise?

Ama-FPO kufanele afake isicelo sokubhalisa ngokomthetho, kuFomu 2, isicelo asibhekise kumQondisi Jikelele, Director General (DG) we-DWAF. I-DG izobhalisa i-FPO uma inesiqiniseko sokuthi i-FPO izokwazi ukuqinisekisa ukulandela koMthetho ngendlela efanele. I-DG izobheka amakhono e-FPO kanye nosizo i-FPO ezolinikezwa ngabanye ababambe iqhaza noma yi-FPA enguQoqazonke (Umbrella FPA).

## IZINDLEKO NEZINZUZO ZAMA-FPA

Kuzoba khona izindleko ezikhona ekubunjweni kwe-FPA, zizoba khona yize noma zingaba yizindleko ezidingeka ukuze kube nemihlangano. Uma nje i-FPA isibhalisiwe, uMthetho ubuye udinge ukuba ibikele uNgqongqoshe mayelana nemililo ebe khona endaweni kanye nokunikeza ulwazi oludingekayo ukulungiselela noma ukugcina uhlelo lokubala ubungozi bemililo. Lokhu kubika akudingeki ukuthi kube ngaphezu kwalokho okuzodingwa ukwenziwa yi-FPA emandleni ayo amasu amahle okubusa (good governance).

Umthetho awuqondile ukuthi ama-FPA kufanele abunjwe ezimweni lapho izindleko zawo zingaphezu kwezinzuzo ezinikeza amalungu awo. Ama-FPA kufanele onge inzuzo (cost-beneficial) ngakho-ke kumele amiswe ezindaweni lapho izingozi zemililo wequbula zizovumelana ngezindleko zokuqoqa zihlanganise futhi zigcine inhlangano ikhona. Izinga lokwamukeleka kobungozi obukhona kufanele libonwe khona lapho endaweni okuhlalwa kuyo.

## Inzuzo/ubuhle bama-FPA

- Inzuzo yokuhlanganyela ekulweni nasekunqandeni imililo wequbula ngokusebenzisa amacebo okulawula imililo wequbula okungamacebo akhiwe ngama-FPA;
- Ukonga izindleko ngokuxwaya ukuphindaphindwa kwezinsizakalo: isibonelo, amasu okulawula inhlekelele kanye nezinhlelo zokongiwa kwemisebenzi yezokulima;
- Imithetho yama-FPA ephoqa amalungu ukuze avikeleke;
- IziPhathimandla zokuVikela imililo zinikezwe amandla okufaka imithetho ebophezela wonke amalungu e-FPA futhi iwavikele;
- Ukweluleka nokusiza amalungu ekutheni akwazi ukugcina izidingo zomthetho zokuzilungiselela ukulwa nemililo, lokhu kuhlenganisa ukuthuthukiswa kwamakhono.
- Ukwenza ngcono izinga lokuxhumana phakathi kwamalungu isibonelo, ukuxoxisana ngezimo zobungozi bomlilo;
- Ukungabakhona kokubhekelwa ngokuphunyuzwa kwezinye izaba zokunqanda izingozi, njengokubabela ukuze kunqandwe umlilo, lokhu kuzoya ngokuthi amasu e-FPA ebhizinisi aquketheni mayelana namacebo okulawula umlilo wequbula;
- Ukwehla kobungozi bokuba sengcupheni yomlilo wequbula ikakhulukazi uma inani lamalunga e-FPA liya ngokwanda;
- Ilungelo lokuthola ulwazi ngocwaningo mahhala olugunyazwe uNgqongqoshe mayelana nokunqandwa kanye nokulwa nemililo wequbula futhi nasekusetshenzisweni kwemililo ekulungiseni nasekuphathweni okufanele kwamahlathi;
- Akuzukubakhona ukungabaza kokuba khona kobudedengu uma kufakwe icala lesinxephezo uma umlilo ovela emhlabeni welungu udala umonakalo noma ukulahlekelwa komunye umuntu.



# INHLOSOMBONO YE-FPA ESEBENZAYO

## **Zilungiselele (Ready) - i-FPA yakhe izinhlelo nezindlela zokunqanda nezokulwa imililo yequbula**

- Ukwakha icebo lokulawula umlilo wequbula kwenza ukuba ingqondo kawonkewonke ihlale izilungiselele;
- Icebo lokulawula umlilo wequbula likwazi ukwenza indlela efanele yokuhlola izinga lobungozi bokulimala kwezinto (vulnerability assessment);
- Izinto zokuvikela nezokunqanda umlilo zihlala ngononina;
- Imithetho iyavunywa futhi iyasetshenziswa; kuhlala kuzilungiselelwe ngamathuluzi akhona okulwa nomlilo, abasebenzi abaqeqeshiwe, nabafanelekile bahlala belindle ngokomthetho;
- I-FPO ibhalisiwe futhi isitholile amandla ngokoMthetho;
- Uhlelo lokuxwayisa ngengozi yomlilo isikhathi sisekhona/sisavuma (NFDRS) olusebenzayo, okuxoxisenwe kwavunyelwana ngalo, (imithetho nezindlela zokwenza);
- Ukuxhumana okusezingeni elihle phakathi kwamalungu, i-FPA neziphathimandla zomlilo kanye nezinye izindawo okungatholakala kuzo usizo.

## **Yima ubheke indlela (Steady) - i-FPA ihleleleke ukulwa nomlilo wequbula**

- Abaninimhlaba bayazi futhi bazejwayezile imisebenzi nezinto okumele bazenze;
- Izindawo zezinsizakalo zomlilo zikaMasipala nezokulawula izinhlekelele ziyayazi imisebenzi yazo efanelekile – amasu okuvunyelwenwe ngawo ngendlela okuzosetshenzwa ngayo uma kukhona okuvelayo nawo akhona;
- Kukhona izindlela zokusizana okuvunyelwenwe ngazo, futhi ezingasetshenziswa nama-FPA angomakhelwane;
- Kukhona uxhaso olutholakalayo oluvela ku-FPA

ewuqoqakonke (umbrella FPA) (isib. *i-aerial*) (isibonelo – usizo ngezindiza)

- Izikhungo zokusebenza ezingezobambiswano, *Joint operating centres* (JOCs) ziyasebenza ukuze zihlanganise/zididiyele imithombo yokusebenza (resources);
- I-JOC ingaphansi kolawulo lomuntu oyedwa, isib. i-FPO;
- Zonke izinhlangano ezizibandakanya ekulweni nemililo zihlanganiswe futhi ziphinde zinikezwe amandla okuthathela ababameleyo izinqumo;
- Kugcizelelwa kakhulu ukusebenzisana – ukuxoxisana, amathuluzi okusebenza, njll.

## **Shona khona (GO!) – i-FPA iyakwazi okumele ikwenze uma idingeka**

- Abaphathi abaqeqeshelwe ukunikeza imiyalo ezehlakalweni ezimayelana nezinga lomlilo wequbula bayakwazi okumele bakwenze nokuthi lokho okufanele bakwenze kumele bakwenze kanjani;
- Zikhona izindlela ezimayelana nokulawula imililo okusuka ezingeni eliphansi ukuya phezulu;
- Izigaba ezithile – isibonelo; umninimhlaba njengokuthi kuqale i-FPO kuze isifunda;
- Izindlela zokusebenza ezisezingeni elamukelekile ziyaziwa futhi ziyasetshenziswa;
- Kunezinhlelo ezithile ezikhona, isib. Izinhlelo zokulandela umthombo womkhondo (resource tracking systems); Izinsizakalo ezisetshezisela izimo eziphuthumayo nazo ziyasetshenziswa (ekulawuleni indlela izimoto ezihamba (ezigeleza) ngayo emgwaqeni ukukhipha impahla nabantu ababambeke behlaselwe umlilo).

## **Ibhukwana lomlilo wequbula eliyisipesheli elimayelana nama-FPA**

Ibhukwana lomlilo wequbula eliyisipesheli elimayelana nama-FPA liyatholakala emahhovisi e-DWAF. Leli bhukwana lilungele noma ubani ofisa ukuhlanganisa asungule ukusiza i-FPA. litholakala ngesiNgisi nangesiBhunu, liqukethe ulwazi nemihlahlandlela ngochungechunge lwezinto odinga ukuzazi uma usungula i-FPA noma uma usuyilunga le-FPA, lokhu kubandakanya:

- Amazwi afingqiwe emithetho ephathelene nama-FPA;
- Indlela okumele ilandelwe lapho kubanjwa umhlangano ngenhloso yokusungula I-FPA;

- Indlela yokubhalisa i-FPA – indlela amaFomu 1 no-2 okumele agcwaliswe ngayo;
- Izinto okufanele zifakwe kumbiko wonyanka we-FPA kanye nomthethosisekelo;
- Indlela ezolandelwa ezosetshenziswa uma kubhaliswa ama-FPA nama-FPO.

## **Kukhona isigaba esiyisipesheli esimayelana namasu ebhizinisi e-FPA, lokhu kuhlanganisa:**

- Amazwi afingqiwe amayelana nezidingo zesu lebhizinisi;
- Izinyathelo ekucutshungulweni kobungozi bomlilo wequbula.

## **Amahhovisi kazwelonke nawesifunda oMnyango wezaManzi nezamaHlathi**

	<b>Ikheli</b>	<b>Ucingo</b>	<b>Ifeksi</b>
National	Waterbron Building, 191 Schoeman St, Pretoria	012 336 6692	012 336 6660
Eastern Cape	2 Hargreaves Avenue, King Williams' Town	043 604 5400	043 604 5587
Free State	2nd floor, Sanlam Plaza Building Cnr East Burger and Maitland Street, Bloemfontein	051 430 3134	051 430 8146
Gauteng	15th floor, Sanlam Plaza East Building, 285 Schoeman St, Pretoria	012 392 1300	012 382 1304
KwaZulu-Natal	185 Longmarket St, Pietermaritzburg	033 342 8101	033 394 1849
Limpopo	Magistrates Building, Magistrates St, Makhado	015 516 0201	015 516 1062
Mpumalanga	5th floor Prorum Building, corner Brown and Paul Kruger St, Nelspruit	013 759 7300 013 759 7385	013 755 4003
North-West	1st floor Motsoedi House, Dr James Moroka Drive Mmabatho	018 384 3270 018 381 3480	018 381 7407
Northern Cape	Cnr Knight and Stead St, Kimberley	053 831 4125	053 831 5682
Southern Cape	Demar Center, Main Street, Knysna	044 382 5466	044 382 5461
Western Cape	17 Strand St, De Goede Hoop Park, Bellville	021 950 7100	021 946 3664

